# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto lokugcina emva komkhosi wePhifaniya , ngomhla ka 29. 01. 2012

10/2012

## Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 76/69

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba wazambulela kubo abaprofethi nabaphostoli bakho, wabambulela inkazimulo yakho yokuba inceku kaNkulunkulu ethwala izono zezwe, neyokuba iNdodana yomuntu ehlezi enkazimulweni kaYihlo. Mawusisize ukuba nathi sibone lenkazimulo yakho, sihlale sibonge ngamandla akho amakhulu nangomusa wakho omkhulu wokusivulela izindlebe zethu ukuba sikuzwe, wokusivulela amehlo ethu ukuba sikubone, wokusivulela izulu ukuba sisindiswe, siye sihlale enkazimulweni yakho kanye nawe noYihlo, noMoya oNgcwele, sibe ngabakho impela. Nkosi, siyabonga. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 4:6-10;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 17:1-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 266/273

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe
kuso isAmbulo 1:9-18, lithi: "Mina-Johane, umfowenu nomhlanganyeli kanye nani ekuhluphekeni nasembusweni nasekubekezeleni kukaJesu, ngangisesiqhingini esithiwa iPhatmose ngenxa yezwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi bukaJesu. NgangikuMoya ngosuku lweNkosi, ngezwa emva kwami izwi elikhulu kungathi elecilongo, lithi: Lokhu okubonayo kulobe encwadini, ukuthumele kuwo amabandla ayisikhombisa, e-Efesu, naseSmirna, nasePhergamu, naseThiyathira, naseSardesi, naseFiladelfiya, naseLawodikeya. Ngaphenduka ukuba ngibone izwi ebelikhuluma nami; kuthé ngiphenduka, ngabona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, nofana nendodana yomuntu ephakathi kwezinti zezibani, embethe ingubo ekhawula ezinyaweni, ezibophe ngebhande legolide ezibeleni; futhi ikhanda lakhe nezinwele zakhe kumhlophe njengoboya bezimvu, njengeqhwa, namehlo akhe enjengamalangabi omlilo, nezinyawo zakhe zifana nethusi elikhazimulayo sengathi zazishiswé esithandweni, nezwi lakhe linjengenhlokomo yamanzi amaningi; futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esika-nhlangothi zombili, nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo. Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe njengofileyo; wayesabeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, ethi: Ungesabi; mina ngingowokuqala nowokugcina, nophilayo; ngangifile, bheka, sengingophilayo kuze kube-phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nezeHayidese (zesihogo somlilo).'" Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, namuhla ngesonto lokugcina emva komkhosi wePhifaniya siyamangala ngokumangala impela ngokusha. Siyakhunjuzwa ukuthi uJesu Kristu, iNkosi yethu noMsindisi, wazambulela ngokuphindaphinda kubo abaprofethi beTestamente elidala nakubo abaphostoli beTestamente elisha, wabambulela inkazimulo yakhe. UIsaya wambona ehlezi enkazimulweni yakhe khona ethempelini. Ngevangeli elidala lesonto lanamuhla siyezwa ukuthi uJesu wazambulela kubafundi bakhe oPetru, noJohane, noJakobe enkazimulweni yakhe khona le entabeni uJesu esahamba nabo lapha emhlabeni. Ngezwi lentshumayelo yanamuhla siyezwa ukuthi uJesu wazibonakalisa kuJohane umfundi wakhe esesiqhingini sasePhatmose. Okuyinto ethintayo impela inhliziyo yomuntu yilokhu siyezwa ngezwi lanamuhla ukuthi uJohane umphostoli wayeyisiboshwa kulesisiqhingi sasePhatmose. Wayeyisiboshwa khona ngenxa yezwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi bukaJesu. Okusho ukuthi ngalesosikhathi izikhulu zazingafuni ukuba ivangeli likaJesu lishunyayelwe (nanamuhla kusenjalo kaningi, nasekerikeni elingaphandle). Kodwa abafundi bakaJesu babengakwazi ukuthula ngalo, baqhubeka ukulishumayela, nokulifundisa, bathi: Bamelwe ukulalela uNkulunkulu kunabantu. INkosi yabo ibayalele ukuba balishumayele. Kanjalo-ke uJohane wayeboshwa, wayiswa esiqhingini sasePhatmose. INkosi uJesu yayingamshiyi nasekuboshweni kwakhe. Qha, yazambulela kuye enkazimulweni yayo, yaqinisa ukuba umfundi wakhe angesabi, kodwa aqhubeke emsebenzini. Wayengakwazi ukubashumayeza abantu bakhe. Ngakho lokhu iNkosi imyalele ukuba ababhalele akubonileyo, nakhu akuzwileyo. Kanjalo siyabona ukuthi iNkosi yethu uJesu ayivinjwa, noma ngamaketane amatilongo, noma ngenzondo yabantu. Iyaqhubeka ukwenza umsebenzi wayo, abantu bezwe ngawo, abantu babizelwe kuyo, abantu bayazi iNkosi noMsindisi wabo. Kwenzeka uma abantu bezwa ngakho abaphostoli bakaJesu

1. abakubonileyo;
2. nangakho abakuzwileyo.

1. UJohane wabona **ofana neNdodana yomuntu**. Amazwi athi: "Ngaphenduka ukuba ngibone izwi ebelikhuluma nami; kuthé ngiphenduka, ngabona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, nofana nendodana yomuntu ephakathi kwezinti zezibani, embethe ingubo ekhawula ezinyaweni, ezibophe ngebhande legolide ezibeleni; futhi ikhanda lakhe nezinwele zakhe kumhlophe njengoboya bezimvu, njengeqhwa, namehlo akhe enjengamalangabi omlilo, nezinyawo zakhe zifana nethusi elikhazimulayo sengathi zazishiswé esithandweni, nezwi lakhe linjengenhlokomo yamanzi amaningi; futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esika-nhlangothi zombili, nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo. Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe njengofileyo." UJohane wabona ofana neNdodana yomuntu egqokile konke lokho okukhazimulayo. Asikwazi ukuchaza konke lokhu uJohane akubonileyo. Siyakhumbula kuphela ukuthi uJesu esahamba lapha emhlabeni wazibiza njalo ngaleligama leNdodana yomuntu. Okusho ukuthi wafuna ukumkhumbuza uJohane ukuba azi ngokwempela ukuthi yena owayehamba nabo engakabethelwa esiphambanweni, usenguye ozambulela kuye kulesisiqhingi sasePhatmose, lapho eyisiboshwa khona ngenxa yezwi likaNkulunkulu, nangenxa yobufakazi bakhe. Yena usagcina isithembiso sakhe sokuthi uyakuba nabo abafundi bakhe kuze kube sekugcineni komhlaba, usekuye, akamshiyanga. UyiNkosi ehlezi enkazimulweni yayo. Ngithi uJohane wayekhumbula ukuthi babeyibona iNdodana yomuntu eyiNdodana kaNkulunkulu, njengalokhu ebhalile evangelini lakhe wathi: "Sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso." Leliqiniso uJohane umphostoli uyaliqinisa nangamazwi encwadi yakhe yokuqala, athi: "Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okwezwi lokuphila - lokhokuphila kwabonakaliswa, sakubona, siyaqinisa sinishumayeza lokhukuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina - lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe nenhlanganyelo nathi. Kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Kristu." Onke lawomazwi ayaqinisa lenhloso enhle yokuba siyazi iNkosi yethu, noMsindisi wethu ukuthi ingubani, isilungisele insindiso epheleleyo. Siyazi iNkosi noMsindisi wethu ngokuzwa ngakho okwabonwa ngumphostoli uJohane, nabanye abaphostoli.

2. Futhi siyazi iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu **ngokuzwa ngakho abaprofethi nabaphostoli abakuzwileyo.** Ezwini lanamuhla siyezwa uJohane akuzwileyo, uthi yena: "Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe njengofileyo; wayesabeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, ethi: 'Ungesabi, mina ngingowokuqala nowokugcina, nophilayo; ngangifile, bheka, sengingophilayo kuze kube-phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nezeHayidese (zesihogo somlilo).'" UJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu uyatshela uJohane inceku yakhe ukuthi angabi nokwesaba. Yena ungowokuqala nowokugcina. Konke kuyaqala ngaye, konke kuyagcina ngaye. Konke kusesandleni sakhe, nakho okwenzekile ngaye uJohane, mhla eboshwa, eyiswa esiqhingini sasePhatmose. UJohane wakhishwa emsebenzini, ethola ithuba lokuhanjelwa yiNkosi yakhe ngokusha, ayibone. Makangesabi, aduduzeke, athokoze nasekuboshweni kwakhe. Makazi ukuthi uMsindisi wakhe ophilayo usekhona, akakamshiyi, ngeke amshiye, uyakuba naye nakhona esiqhingini sasePhatmose. UJohane uyezwa nokunye okukhulu, uyakhunjuzwa ngokufa kweNkosi noMsindisi uJesu. Uyatshelwa ukuthi yena okhuluma naye unguye owayengofileyo, wafela esiphambanweni eGolegotha, wafela thina nabantu bonke bezizwe zonke, bezikhathi zonke ukuba bahlengwe ngegazi lakhe ezonweni. Yena wafela esiphambanweni ukuba abe iWundlu likaNkulunkulu elithwala izono zezwe, abantu bonke bahlanjululwe ezonweni zonke ngegazi lakhe. Kodwa ukufa akukhulumi izwi lokugcina. Izwi uJohane alizwayo liyaqhubeka likhuluma ngokuvuka kweNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu, lithi: "Bheka, sengingophilayo kuze kube-phakade naphakade." UJesu wavuka kwabafileyo ngosuku lwesithathu, wanqoba ukufa, nakho konke okubi, wachitha ukufa, walethela ekukhanyeni ukuphila nokungabhubhi ngevangeli, ngalelivangeli elikhuluma ezwini lanamuhla ngezihluthelelo sokufa nezesihogo somlilo. Uyasivalela ukufa nesihogo, esingabakhe asisayikuya khona, kodwa siya ekuphileni okuphakade, njengoba iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu iphethe nesihluthulelo sezulu ukuba isivulele lendawo enhle esiyilungiselwe yiyo ezulwini. Siyazi ukuthi uJesu esevukile kwabafileyo wazibonakalisa kubafundi bakhe, wathi kubo: "Ukuthula makube-kinina. Njengokuba uBaba engithume mina, nami ngiyanithuma nina. Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi kubo: Yamukelani uMoya oNgcwele. Enibathethelela izono zabo bathethelelwe, nenibabamba ngazo babanjiwe." Kanjalo kuyakhulunywa eKhathekisemini lekerike ngokobuLuthere ngenkonzo yezihluthulelo "engamandla ebandla elaphiwa nguKristu emhlabeni okuthethelela izono zalabo abazisolayo nokubamba izono zalaba abangaphendukiyo baze baphenduke." Yikho uJohane akuzwileyo ngokusha le esiqhingini sasePhatmose. Wakhunjuzwa ukuthi umsebenzi oqalwe yiNkosi wawungakapheli, noma yena uqobo eboshiwe, eyisiboshwa ngenxa yomsebenzi lowo omuhle wevangeli likaKristu.

Kanjalo nangakithi umsebenzi weNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu awukapheli, usaqhutshwa lapho kusamenyezelwe khona okwabonwa ngabaphostoli bakhe, nakho okwazwiwa yibo. Lapho kumenyezelwa khona okwabonwa yibo, okwazwiwa yibo umsebenzi weNkosi uyaqhutshwa, khona abantu bayakumazi uMsindisi wabo, bakholwe nguye, bamukelwe nguye, bathunywe nguye ukuba nabo baye bamemezele okwabonwa nokuzwiwa ngabaphostoli njengoJohane esiqhingini sasePhatmose, nabanye bakuzwe, bambone uJesu, basindiswe nguye. Kanjalo umsebenzi wakhe uzoqhutshwa, aze abuye ngosuku lokugcina enkazimulweni yakhe ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, sibonga umsebenzi wakho. Mawungadinwa nangomuso, uqhubeke ngawo, inani labakhethiweyo bakho ligcwale, abantu babone inkazimulo yakho, bakholwe nguwe, bazi ukuthi uyiNkosi noMsindisi wabo. Nkosi, yiba nomusa kithi noma ngasiphi isikhathi, noma kuyiphi indawo. Nkosi, mawusihawukele, usiphe ukuthula kwakho. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 264/269

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1993/2006/2011 ngu-.E. A. W. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.